# UKUSINGATHA ISIMO SAKHO SOKUTHOBELA INTELA NABAKWA-SARS

**Yini Entsha?**

**4 kuLwezi 2019 -** Ukukhishwa kwesiTifiketi sobuMsulwa kwezeNtela (TCC) esigayiwe sekuyekiwe kusukela mhla zi-4 kuLwezi 2019. Selokhu kwaqala uhlelo olusha lweSimo sokuThobela iNtela (TCS) ngonyaka wezi-2015, sasho ukuthi i-TCC egayiwe sizoyiyeka esikhathini esizayo. Zonke izitifiketi ama-TCC ezizungezayo manje zizosuswa. INombolomfihlo ye-TCS ikuvumela ukuba ugunyaze umuntu wesithathu (okungaba inhlangano noma uhulumeni) ukubaabone isimo sakho ngokusebenzisa i-eFiling. Izokunika sonke isimo sakho sokuthobela intela ngosuku nesikhathi osibuka ngaso. Ukuze sivikele ubumfihlo bomkhokhintela, alukho olunye ulwazi umuntu wesithathu azokwazi ukuluthola.

**Kuyini?**

Emizamweni yethu eqhubekayo yokuphucula  ukuthobela nokwenza kube lula kubakhokhintela ukusingatha izindaba zabo zentela, uPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (uSARS) selwethule uHlelo oluphuculiwe lweSimo sokuThobela iNtela (Tax Compliance Status System).

Ukuthobela imithetho kanye ‘nokukhokha eyakho ingxenye’ akuyona nje kuphela into ekulungele, kepha kunegalelo ekukhuleni okuhle komnotho wezwe nokuphetha ngokuhlomulisa bonke abantu baseNingizimu Afrika.

Uhlelo lwe-TCS luatholakala kulezi zinhlelo ezilandelayo:

- Ubumsulwa
- ithenda
- Imalisabelo yoTshalomali lwasemaZweni
- Ukufuduka

Ukuze ufake isicelo se-TCS, ungakwazi ukungena ohlelweni lwe-TCS ngokukhetha TAX STATUS kulokhu okukhethwa kukho ku-eFiling noma ngokuvakashela igatsha lakwa-SARS eliseduze nawe. Uma kwenzeka uba nemibuzo, sicela uxhumane ne-SARS Contact Centre kule nombolo 0800 00 7277.

**Kwenziwelani?**

Uhlelo olusha luzokwenza kube lula kubakhokhintela ukuba bathole iNombolomfihlo yabo yeSimo sokuThobela iNtela (TCS) ngokusebenzisa le migudu elandelayo:

- Nge-inthanethi ngokusebenzisa i-eFiling

- Ngokuvakashela igatsha lakwa-SARS.

Umuntu wesithathu ogunyaziwe kumele asebenzise iNombolomfihlo ye-TCS ukuze aqinisekise isimo sakho sokuthobela ku-inthanethi ngokusebenzisa i-eFiling.

Kubalulekile ukukhumbula ukuthi isimo sokuthobela intela somkhokhintela kasimi ndawonye siguquguquka ngokuhambisana nokuqhubeka kwakhe ukuthobela izidingo zokuthela.

**Yini okumele ngiyenze?**

Unalokhu kuwe, ukuze ube ngoyithobelayo imithetho kufanele uqiniseke ukuthi:

- Akukho zimbuyiselo zentela ezisilele emuva
- Awukweleti mali kwa-SARS ngaphandle uma sekwenziwe izinhlelo zokukhokha noma sekunesivumelwano sokulengiselwa isikweletu
- Usuzibhalisile zonke izinhlobo zentela okufanele uzithelele.
- Imininingwane yakho ebhalisiwe yonke iyiyona futhi ingeyakamuva. Ngeminye imininingwane ngokulungisa imininingwane yakho, cindezela lapha.
- Usudidiyele (ngo-Merge tool kwi-eFiling) noma usukudalulile (efomini i-ERC01 nelikhona njengengxenye yohlelo lwe-TCS kwi-eFiling), zonke izinombolonkomba zakho zentela ezibhalisiwe. Ngeminye imininingwane ngokuDidiyela, cindezela lapha.

Uhlelo olusha lwe-TCS lugqugquzelwe uhlelo lokusebenza lwe-"My Compliance Profile (MCP)". I-MCP inika umkhokhintela ithuba lokubuka isimo sakhe sokuthobela intela nge-inthanethi njengokuba sidalulwe ngu-SARS ukuze akwazi ukulungisa ukungathobi okuhlonziwe. Ukwethulwa kwe-MCP kuhlomisa abakhokhintela ngolwazi olwengeziwe mayelana nokuthobela kwabo imigomo yentela futhi kuyisiqalo saso sonke isimo sokuthobela okuphathelene nezicelo ze-TCS (isibonelo njengokweThenda kumbe okobuMsulwa kanye nokunye).

Ngeminye imininingwane ngezinqubo zesimo sokuthobela intela landela le migudu engezansi:

- Ngingangena kanjani ku "My Compliance Profile" (MCP) ngokusebenzisa i-SARS eFiling
- Ngingasicela kanjani iSimo sokuThobela iNtela
- Ngingasiqinisekisa kanjani iSimo sokuThobela iNtela

**Ngabe udinga usizo?**

Shayela i-SARS Contact Centre kule nombolo 0800 00 SARS (7277) noma uvakashele igatsha lakwa-SARS eliseduze nawe.